



Elokufa Alitsheli.



INOVELI

Abafundi bazohlaziya ikhava yencwadi. Isib.

- Isibhamu
- Izigebengu
- Ifasitela elifile(ukuhlaselwa)
- Udlame
- Mnyama-kwenzeka ebusuku
- Bomvu- igazi njll.



Ingabe Isihloko Siyahheha? **(Elokufa Alitsheli)**

- Ilini?
- Kubulawa bani?
- Ubulawa ngubani?
- Isizathu sokubulala umona noma impindiselo noma ubugebengu?
- Ngabe ababulali baphumelelile ukumbulala?
- Ngabe ababulali babanjiwe?
- Isihloko sinemibuzo ngakho-ke siyahheha. Abafundi bafuna izimpendulo zale mibuzo.

Abalingiswa

Bayakholakala?/ Bayaphila?

Izigameko ezingenzeka empilweni yabantu?

Umlingiswa omkhulu.

Izinkinga abhekana nazo.

Umdali wezinkinga (imbangi).

Umqhathi/ umlekeleli.

Abalingiswa abathule/ okuxoxwa ngabo.

Abanye abalingiswa amagama abo ayahambisana nabo.

- UMahlase- ubaba kaVela
- UMaZwide- Umama kaVela
- UVelabahleke- uthumbu kaMaZwide
- Ubhiza (Mshengu)- umngani kaVela
- UBonga Ngwane- umyeni kaKhethiwe
- Khethiwe Ngwane (Mbali noThabo) yizingane
- USkhulu (umholi wezigebengu/ethanda ibhola
- USizwe noSenzo (ngabangani)
- UBongiwe- intombi kaVela
- Uthisha uMasikane- ube yikholwa
- Onogada (uDlaba) noJobe
- Abazali bakaSizwe (UNkwali noMaXulu)
- UChiliza- umakhelwane kaMahlase
- UNkwali noMaxulu (Mkhwanazi)- abazali bakaSizwe.

Isahluko Sokuqala

- UMahlase uxabana noVela ngenxa yokungalaleli kwakhe.
- Uthukutheliswa wukuthi umfice ebhema insangu egcekeni.
- Umshaya ngemvubu, uVela ayibambe, uMahlase amshaye ngesibhakela kuvaleke iso.
- Athole intuba yokubaleka uVela, asongele uyise ukuthi alibambe lingashoni.
- UMahlase usehlezi kuvulandi uxoxa nomkakhe ngezenzo zikaVela, bayaxabana.
- UMaZwide usabisa umyeni wakhe ngejele.
- Ahambe uVela, endleleni uxabana nomshayeli wetekisi ngoba imoto icishe yamshiya emva kokwehlisa umama nengane esitobhini ngaseMtshezi High.
- Uvela ukhuluma noBhiza emcela ukuthi akabulale uMahlase ngoba usekhathele ukushaywa njengembongolo.
- Uyayinonga indaba uma exoxa noBhiza ukuze kubonakale ukuthi usenkingeni.
- UBhiza ugcina evumile ngemuva kokuba embuze kaningana ukuthi unesiqiniseko yini ngalento ayifunayo.
- Uze athi uma eke wamjikela ngemuva kwalesi sigameko, naye uVela uyolandela uyise.

Isahluko sesibili

- UVela ufika kwaNgwane uyise usefikile.
- Abezwananga uKhethiwe noyise ngokuthi alethe uVela eWembezi.
- UVela bekufanele agade izingane zikadadewabo ngoba bebesemsebenzini kodwa akakwenzanga lokho, wavele wavuka waya kumngani wakhe uBhiza.
- Bayabhema noBhiza, baze babheme nezidakamizwa.
- UBhiza uyaphuma ushiya uVela elele uyokweba, izinto azebile wazifihla emotweni eyashisiwe.
- Baya esikoleni bafice unogada, badelela njengenjwayelo kanti ababuzanga elangeni.
- Unogada washaya uBhiza kwaphela inkani waze waxolisa.
- UVela wayebaleka eya ngasemakilasini, intombi yakhe uBongiwe yayikubuka konke loku.
- Uthisha owayeyikholwa weza waxoxa nonogada ukudambisa isimo.
- Baphuma lapho baqonda esitolo ukuyolanda abanye abafana abadla igudu. Bafike bayinonga indaba, befuna ukuyohlasela unogada.
- UBhiza wayesatshwa endaweni yaseNtabamhlophe ngenxa yemikhuba yakhe ayedume ngayo.

Isahluko sesithathu

- Abafana abebekade besisitolo, wabaqoqa bonke uBhiza.
- Wabatshela ukuthi baphathe zonke izikhali, abangenazo baphathe amatshe namabhodlela.
- UVela wabhala izingqwembe ayezicele esitolo.
- Kuyohlaselwa unogada ngoba bethi uyibhoklolo futhi uyabahlukumeza.
- Baqonda esikoleni beholwa nguVela sebecula ingoma ukuze babe nomfutho.
- Unogada waqhamuka esebambe igovu lenja ngentambo kanye nesqwayi.
- Babonainja, akekho owatshela omunye ukuthi konakele-ke manje.
- Kunomfana owenemiyeko owaphonsa ibhodlela lashaya unogada ekhanda.
- Unogada wathukuthela, wayidedelainja, uVela ngoba wayephambili engumholi wabo, yabamba yena. Wakhala esezincengela kodwainja yamnikiza. Kwaze kwakhuza unogada. Nalapho wamshaya ngesiqwayi.
- Wamfaka ozankosi wabiza amaphoyisa. Lapho uVela wayeseziqulekisile ngoba ebona ukuthi uzoshona nje okulandelayo.
- UBhiza wabaleka wayongena emzini yabantu eyayiseduze kwesikole, wayocasha erondweni. Waphuma ngesikade nakhona engathembi ukuthi kuphephile yini.

Isahluko Sesithathu (siyaqhutshwa)

- KwaNgwane, izingane zase zilambile, zazama ukwenza itiye nesinkwa. Ngebhadi kwagcina sekusha indlu. Zabaleka zayocasha ngaphansi kombhede.
- UBhiza uya kuS'khulu ngoba nguye owayethenga izinto zabo zokwebiwa. Wafike wamchazela konke okwenzekile.
- USkhulu wathatha imvubu nesibhamu baqonda esikoleni. Kwashayeka unogada okungeyena.
- Baya esbhedlela emva kokuba bezwe ngabafana basesitolo ukuthi uVela uthathwe i-ambulensi namaphoyisa
- Emva kwesikhathi belindile bagcina bembonile uVela. Wayelimele kakhulu, omunye umunwe ungasekho, wayesezinhlungwini.
- Waphuma ehamba ngezinduku ngoba imilenze yayibhandishiwe yomibili.

Isahluko sesine

- UNgwane wafika kwakhe endiza esethole umbiko wokuthi umuzi uphelile.
- Waziphonsa phakathi ecabanga izingane zakhe ayezithanda kakhulu.
- Wazifika ekamelweni lazo kodwa sezihabule intuthu kakhulu, waphuma nazo.
- Kwafika imoto yezicishamlilo, yacisha amalangabi. Umonakalo wawumkhulu.
- Uma ebuya esibhedlela wafika uKhethiwe esebuyile, kwasuka umsindo.
- UKhethiwe uvikela uVela, kwagcina sekuliwa endlini ngenkathi kufika uVela sekucaca nokuthi HI-Fi neDVD zebiwe.
- Wathi uzama ukubaleka uVela kanti uMahlase usefikile, ubesezwile ukuthi ushe waphela umuzi wendodakazi yakhe.
- Washaya kuKhethiwe owayeshaya umyeni ngesicathulo, watalabha uVela , esekhumbula namazwi amsongele ngawo.
- UVela wakhumbuza uBhiza indaba yokubulala uMahlase.
- Baya kuS'khulu beyoboleka isibhamu, wabathuma edolobheni.
- Ntambama sebebuya, erenke babona uSizwe noSenzo, nalapho kwagcina sekusuka impi. Wazilwela uSizwe wabaleka uBhiza. Umsusi wodweshu kwanguye njalo uVela.
- INDABA IYAQHUBEKA

Izinhlobo zodweshu

Olwangaphandle nolwangaphakathi

UDWESHU LWANGAPHANDLE

- Ukuxabana kukaVela noyise.
- Ukuxabana kukaMahlase noMaZwide.
- Ukuxabana kukaNgwane noVela.
- Ukuhlaselwa kukanogada.
- Ukuxabana kukaKhethiwe nomyeni wakhe.
- Izingxabano ezazidalwa nguVela phakathi komphakathi nomuzi kaMahlase.
- Ukuxabana kukaBhiza noSizwe beserenke belinde itekisi.
- Ukubulawa kuSizwe ngesihluku esikoleni, phambi kwabafundi. *(isenzakalo esenza umbhali wabhala le ndaba)*
- UMahlase uxabana nomndeni wakwaMkhwanazi emva kokubulawa kukaSizwe.
- Umphakathi ugcina ufuna ukushaya uVela ngenxa yentukuthelo. Njll.

UDWESHU LWANGAPHAKATHI

- Simthola uVela enakho ukuzisola ngesimo esenzeke kwaNgwane.
- Esehlala noBhiza , uyakhumbula ekhaya.
- Wayenesifiso/ imidlinzo yokuziphindisela kuSizwe.
- Uyazisola emva kokuba kushone umama wakhe.
- Uvela usefisa nokuzibulala ngenxa yokuzisola ngokushona kukanina.
- Usebuyela ekhaya ezama ukulungisa isimo noyise (prodigal son).
- Ugcina esezikhunge ngocingo ngoba unembeza wawumlahla futhi umphakathi wawunqamamukelile.

Simbona kanjani

umlingiswa

oqavile?

- Kunenkinga noma kunezinkinga abhekana nazo, okumele azixazulule
- Simthola ekuqaleni kwendaba futhi nasekugcineni kwayo.
- Kuba khona umlingiswa odala izinkinga kumlingiswa oqavile
- Ekugcineni kufanele kuvele ukuthi zonke lezo zinkinga zixazululeka kanjani.
- Kunomlingiswa onguVela onganiki uMahlase ukuthula (IMBANGI)
- Izinkinga zikaMahlase zidalwe ngubani?
- Sithola uMahlase ekuqaleni kwendaba.
- Izinkinga zikaMahlase zidalwa yihlongandlebe elinguVela.
- NguMahlase obonakala ehla enyuka elungisa izimo nomakhelwane ukuze kube nokuthula.
- UMahlase oya kwaNgwane ukuyothela isibhaxu ngoba ethi uyalungisa.
- NguMahlase obhekana nokuboshwa ngecala angalenzanga ngenxa yesibhamu sakhe.
- Ekugcineni uyaphuma ejele afice uVela ezikhungile.
- Bangingi abanye abalingiswa abakhulisa udweshu noma ukungezwani endabeni.
- Indaba iphela kuMahlase, esezibulele uVela.

Isizinda

❑ Isizinda sendawo (sixubile)

- Le ndaba yenzeka eWembezi (ilokishi laseMtshezi)
- Iphinde yenzeke eNtabamhlophe (emakhaya asephucuzekile) lapho okusaphilwa isidala kodwa nempucuzeko isingenile.
- Ukuhlaselwa komuntu omdala kuseyihlazo endaweni.

❑ Isizinda sesikhathi

- **Isikhathi samanje (kuningi esingakubala)**
- Izibhamu, izidakamizwa, ama-tattoo kuBhiza, ukuteleka, amalungelo, ukuhlukunyezwa kwezingane (*child abuse*) njengokusho kukaMazwide, kunamatekisi nezimoto, imitholampilo, i-ambulensi, izingane eziphumile esandleni njll.

Isizinda (isimo senhlalo)

- Yize bengacebile kwaMahlase kodwa bayakwazi ukuphila.
- Wayekwazi ukuhlawula amacala kaVela komakhelwane.
- UMahlase unemoto nesibhamu, uholo imali yempesheni.
- UKhethiwe nomyeni wakhe bayasebenza
- Kukhona Hi-Fikanye ne DVD, umuzi wakhiwe kahle.
- US'khulu wayeyisicebi sendawo.
- Kusenobuntu ngoba kuba khona ukuzwelana kanye nokusizana komakhelwane.

Isiphetho Kanye Nengwijikhwebu

- UVela uyazikhunga. Uyehluleka ukubhekana nezenzo zakhe.
- UMahlase uyaphuma ejele ekhandlekile.

Ingwijikhwebu.

- Besingalindele ukubona uVela eshintsha noma ezisola
- Besingalindele ukuthi usengathatha isinqumo sokuzibulala
- (nokunye okungaphawulwa ngabafundi)

Izifundo Ezitholakala Kule Noveli

- Umuntu uyakuvuna akutshalile.
- Isala kutshelwa sibona ngomopho.
- Ukutotosa ingane ukuyibulala.
- Sibogaphela abangane.
- Konke esikwenzayo kunemiphumela.

Izindikimba

- Udlame, unembeza, ukuphikelela.
- Umona.
- Ukukhohlisana.
- Ubudlelwano (imindeneni/ abangane).
- Uthando (olunemiphumela emibi).
- Inzondo kanye namagqubu.
- Izidakamizwa nokusetshenziswa kwazo.
- Ukuncipha kwenhlonipho (ezikoleni/ emakhaya/ emphakathini).
- Ukuziphindiselela.

Ulimi Olusetshenziswe Ngumbhali

- Lunothile
- Kunezaga
- Kunezisho
- Kunezenzukuthi
- Izifenko (izimo zokukhuluma)
- Kunamagama azodinga ukuchazwa ngoba kungenzeka adide abafundi

Amagama angadinga ukuchazwa

- Ihlongandlebe, ungwengwe, (ingongoni nomtshiki-type of grass.) inhlokoshiyane-type of plant
- Iqholo, isicaba, ubunyoninco, ucezu, isikelebha, ithwasa, idixa,ingcosana, ishoshozela,siteleka
- Ukubhiyoza, isiqwayi, inkemane, amachaphazelo, ukushobinga, iqulu, ukuxhamazela, isitaki,
- Ukumtaxa, izingqwembe, ibhoklolo, amakhwela, ngezibonkolo, isixwembe somlomo, izinjonjo
- Kusempondozankomo, imiyeko, ukumqhoqhobala, uqhoqhohoho, ingebhe, ntinini, ozankosi
- Ehalazela, inkemane, ukuhangula, ucwazi, ukutitinya, isigqigqi, ubuhanguhangu, amakloba, izinhlonzi, uqhaqhawayana, inhlawulo, amanhlakomuzi, ezamabheka, ungoqo,
- Linkenketha, ukuhonqa, kwesikabhadakazi, bechichima, umkhokheli, indumalo, entshalantshala
- Ingidi (ulimi lwesigodi) (literal and figurative meaning/ tone), egwajaza, insika, inhlanakela, iliba
- Ukugudluza, ithuna, isihluku, ubuthi, ujenga, izibiliboco, umzwangedwa, ukukluzana, inhansi
- Imbodla. vintothololo. isidopholozisi. izihlewele. emnvokoloza. isindandamathe.

